Miscellaneous items of history and custom etc. (b) 1

1 b

s793 (50) K13/ A13/3/21 K13/21 F.M. Vilakazi 32

1. AmaSwazi akwaZulu.

Amaningi amaSwazi angena ezweni lakwa Zulu enhlanalo Lama-Swazi aziwa ngokuthi amaNkengane. Ayeqaqele endulo kulolonke leli lase Ngcaka nelase Badeni ngase Dumbe, kuthiwa ngamankengane akwaNyamayenja. Lamankengane ayokhonza kwa Zulu kusa6usa uMpande. Kwathi amanye amaSwazi a6aleka noNyamayenja 6enoSigweje awaze akhonza kwa Zulu.

Njengo6a sengishilo amaSwazi angena kakhulu kwaZulu ku6usa uMpande. Ukungenakwawo kwa6a ukukhonza kwazulu ekhonza ko Nhlaka koSukwazi nako Mkha6ayi na6anye izikhulu zakwa Zulu.

Kukhona amanye amaSwazi ahamba kanye kanya ayokhonza

2. enkosini. Yilana akwa Dlamini. Amanye asala wona awakwa Dlamini. Asala yilana asendlu nkulu.

Kukhona omunye uDlamini owakhe eduze nase Filidi Vryheid lona yena wada6uka enzansi kwaZulu yena. Yenake akalona iSwazi futhi akuyena owakwa nkosi yena. Yena owakwa Zulu uqo6o lwakhe. Uma la6a a6akwa Dlamini 6ezokhonza ku Mkha6ayi 6eza na6akwa Khanyile eyi6ona a6akhe lene na6o namhlanjena kwelase Magoda.

Lonakhe uDlamini wakwa Mshwankeni ka So6uyeye wakwa Zulu ozala oMnqinimbamba. Okwenza la6a 6akwa Dlamini 6ashiye indawo ya6o impi yamaNgisi. Kwathike loDlamini wakwa nkosi wamaSwazi

3. weza ewamhlambi kuMpande ngoku6anga kwawo amadodana enkosi yase Swazini.

Kwathi uNhlaka wakha umuzi wase zisayini owasuka kwaDukuza. Kwathi kunjalo kwase kuvela umuzi wase Mingiseni nommye futhi wase Zizweni kwa6uye kwavela omunye wase Kudu6eni neminye eminingi uzalwa uNhlaka ofike wakha umuzi wakhe eZisayini.

Amakhosana ka Nhlaka kwaku Wusekethwayo. uThondolozi naye inkosana yosokhohlo. Kuna manye amadodana ka Nhlaka amaningi kunalana. Kwathi nawo awandisa umuzi kaNhlaka. Yenake uSeketwayo wazala uMswazi uMalambule namanye amaningi amadodana.

4. Kwathi uSeketwayo wawaxa6anisa amadodana akhe. Kwathi uMswazi wendlu yokuqala, aka6a yiyona inkosana. Kwathi uZidunge wamenza yona inkosana yakhe. Phela noma unina kwakungeyena

MMM /owokuqala...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

owokuqala kodwa uyise wamenza inkosana emzini wakhe. Kuthena uku6a a6one loku uSekethwayo wathukuthela kodwa wathula njena. Kuthe kunjalo uyise waye sethatha inkosazane yakhe wayiganisela uMpande. Iyona lena ezala uCetshwaya. Igama layo kwakuwu Sixi6i. Kuthena kunjalo uSekethwayo wayese thatha uSilwanedoda ka Nginikeza wakwa Ka6a usethi kuhle aphelekezele uSixi6i amethwalele. uSixi6i lona uyena ozalwa yinkosikazi ka Sekethwayo. Unina wazala yena
5. kwa6a kuphela akamuzalanga umfana. Uyise wayesethatha omunye ukumisa indlu yaka6o Sixi6i. Uyenake unina ka Zidunge owamisela inkosikazi.

Kuthena ngokufa kukayise amadodana ka Sekethwayo aphathelana imkhonto kwaku6i impela. Kwathi kunjalo wemuka uMswazi waye wakha eSwazini. Okwenzaloku yingo6a uSixi6a wavuna uZidunge noZulu nenkosi yamaZulu yavuna yena uZidunge. Impi ayaphumelela ukumu6ulala uMswazi.

Yenake uSikethwayo waye ubekenya i6utho lakhe kwa Nodwengu wayeyinduna yalo ubekenya. Inkosi uMpande yayimazisa kakhulu uSekethwayo. Kwathi noma esefile uSekethwayo inkosi ya6azisa a6antwana 6akhe 6anda kwaZulu.

6. uMbobo

Nayeke uMbobo wayakhe naye uSekethwayo. Kodwayena kwakungowase Ngadini akoNyawose. Uyise ka Mbobo kwakuwu Mndlophi kuZililose udadewa6o ka Nhlaka. 6a6ezalana noSekethwayo. Kwathi umakufika uNhlaka wayenaye uMbobo lona. Yenake wakha umuzi wakhe omkhulu eMhlangeni, ezi6ongwana. Laphoke wakha umuzi Gwegwiqili. Neminye imizi yakhe eyayidumile eminye yaphunywa amadodana akhe. Wanda impela umuziwakhe wafuzawona lona ka Nhlaka amadodana ka Mbobo kwakuwu Mgijili no Jolwana namanye amaningi. uMgijili lona wayeyiqhawe elikhulu impela emzini ka Mbobo walwa izimpi eziningi zakwa Zulu. Wayekhona nangamhlawo phoko kwaZulu
7. kukhonjiswa umlungu isikhumba sophoko. uMbobo lona wayeyisi lomo naye kwazulu. Kusa6usa uDingana waye yinduna yakwa Khangela waye kanye noMagwaza wakwa Thungo. Kuthena uma sekufe uDingane wase ese6a yinhloli yempi enkulu. Kuleli lamankengana kaNyamayenja

/u6elihamba.........

MMM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

u6elihamba yedwa uma ethunywe yinkosi. 6ekwala 6emazi ukuthi usekhonze kwazulu 6amuyeke 6angamu6ulali. Kanti amankengane zinlngi izinhloli zakwazulu ayezi6ulala. Wayehamba aze ayofinyelela kwela6eSuthu kwa Sikwata. Wayeyindoda eyayinamazwi ahlaka mphile umaku6uthene i6andla. Nayoke inkosi uMpande yayimuthanda, enamasu futhi okuphumelisisa impi ya6akhu6o.

8. Uku6ulawa kwakhe uMbobo:

Izinkomo zika Mbobo zazidla amawathanga ase Mpofini. Yenakhe uMbobo wayefuyile impela. Izinkomo lezi wazixoshisa uMbobo uDingana ngo6a uMbobo wayeyiduna enkulu yempi. Inkosike yamxoshisa izwe lezinkomo. Kuthena naku Mpande uDingana esefile wa6ayi nhloli yempi nayeke uMpande wamxoshisa izwe lezinkomo. Izinkomo zakhe zazi6ulala inyoka.

Kwathi ku6usa uMpande waqala ukuzondeka uMbobo ngo6a kwathi kuhleziwe kwa noDwengu kukhulunywa uda6a lwama Bunu efuna ukuwela uMzinyathi. Kwathi oMnyamana no Masiphula 6awavuna amaBunu. Kodwa uMbobo yena wawasola amaBunu. Wa6uye wasola uMasiphula
9. 6enommyana wase uya6ethuka uMbobo, ethuka uMnyamana no Masiphula kanti inkosi uMpande iyazonda. Kwathi kokunye inkosi, yathetha icala lakhe uMbobo 6eno Boza ngo6a 6ehlupha wona amaBunu enkosi ayesemzinyathi. Kokunye uMbobo wawaxosha amaBunu waye wawa6eka eMbabane. uMbobo wacasulwa izinkomo zamaBunu ezazidla eZimbuthu ziphangela ezakhe izinkomo. Inkosi kwayizondisa kakulu impela loku. Yase iyamuzonda kakhulu uMbobo. 6aningi a6antu a6anye a6a6e vumela uMbobo 6ethi uMnyamana no Masiphula 6a6ulala izwe ngokuyeka amaBunu asa6alale lonke izwe lasenhla. 6ona oMnyamana 6a6e wavuna amaBunu. Nayoke inkosi yayiwathanda ingawaxhwayile.

10. Kuthena ngelinye ilanga uMbobo ehambile eyekwa Sikwata yasale inhloma impi ezom6ulala. Kwathi ese6uya kwaSikwata wahlangana nayo impi ehlanzaneni. Ithena ngokum6ona yase imulindela. Wayesethuka ngokuyi6ona wa6aleka kodwa akamange esasiza ngo6a yamuxosha impi yenkosi yamuka naye yaye yam6ulala. Kuthena uku6a 6akuzwe loku a6akwa Mdlalose 6athukuthela 6onke, yisenzo senkosi noso Mnyamana. Kwathi a6akwa Mdlalose 6azila

/iminyaka.........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s793

iminyaka emi6ili ukuya komkhulu kwaze kwazonda yona inkosi. oMasiphula noMnyamana 6aze 6awa6iza amaDlalose 6axolisa kuwona nayo inkosi uMpande waxolisa.

11. Izi6ongo zika Mbobo.

uSiphunga esiphunge amadoda,
Esidle uDayi wakwa Qwa6e,
uMadlokovu eseNgweni,
Isiheqe sika Mla6a,
Esidle unzima wase manzimeleni,
Wadla uMafa omude;
Wakhalisa amankengana.
Wawalazisa a6amhlophe yethuka
Inkosi noMnyamana,
Mathinta wathinta olungathintwa,
Nkwenkwe ophume amadoda a6ikelana.
Mmemezi wama Swazi.
Sishosha esinga6omvayo,
Ushoshe wadla izinkomo za6eSuthu,
Washosha wadla izinkomo zamankengana.
Simayedwa njengelanga,
Ma6uya aphendela,
Waphindela emzinyathi.

12. Isizulu.

Kukhona amagama agandile angavamile ukusetshenziswa ayohamba akhohlakale:-

Itholi:- Lena yindlu yamantombazane odwa, eyayekhelwa wona kuphela.

Ilawa:- Lena yindlu ya6afana, izinsizwa, amantombane awananda6a nayo. Na6adala a6angeni emalawini.

Inqolo6ane:- Lena yindlu eyakhelwa ukudla kodwa. Umbila nama6ele nokunye ku6ekwa kulendlu. Iyaphaka miswa i6ephezulu ukuze umbila nokunye ukudla kungadliwa imvukazane.

Isilulu:- Loku kwakhiwa ngotshani iwona x masaka oku6eka ukudla osekuhululiwe.

MMM 13/Inxhozi............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s793

13. Inxhozi:- Lona umgodi ombuvayo uvama ukumbiwa esi6ayeni lapho umqu6a umuningi khona ukuze kuthi noma lina kunganethi.

Isiza:- Lapha kuzobulwa ama6ele kuye kwenziwe isiza lapho kuzo6ulelwa khona. Siyesisindwe ukuze ama6ele angalumeli uma ebulwa.

Uphishilili:- Lokhu kusho umuntu onekhanda eli6i, elide elibeke emuva o6uso 6ude 6uvumelana nekhanda.

Ingonyuluka:- Kushiwo kumuntu uma ekhuluma esa6a efihla futhi ukukhuluma kwakhe. Kuthiwe khipha yonke ingonyuluka.

Wawasa:- Loku kushiwo kumuntu odla ngokuyekethisa amazinyo

14. sengathi ayamu6ulala.

Iva:- Loku kushiwo kumuntu ongafuni ukuthinthwa onoleka impela kakhulu. Lomuntu uyafaniswe neva lona lihla6a umuntu.

Inkwali:- Kushiwo kumuntu onezinyawo ezimbi esezehlule izilungisa zingavumi k ukusuka yona inkwali lena. Yonake imhlophe ifana nengwethu yasekhanda.

uMvimbandle6e:- Lenako inhlo6o yamaqathe angadliwa, uma uwadlile uvimbeka izinhle6e unga6e usezwa.

Imvimba:- Lena inkomo ekhishwayo uma intombazane yake yathola umntwana ekhaya yase iyagana, iyaye ivinjwe ngo6a ayisagcwele seyoniwa. Inikwa umkwenyane lenkomo.

15. Umyeni:- Musuke kushiwo umkwenyane wentombazane, uma isiganile.

Isoka:- Kushiwo insizwa ethandwa amantombazane amaningi.

Umthimba:- Kushiwo a6aku6o kamakoti umakuwusuku lokucanguza, usuku lomshado.

Ukhetho:- Kushiwo a6antu a6aku6o ka mkwenyane x umakuwusuku lomshado.

Ukucimela:- Umakoti engaka canguzi uye ahambele izihlo6o zakhe evalelisa ngo6a esezoshada. Se6emupha izinto eziningi zokumvalelisa.

Umemulo:- Kuyekuthi intombazane uma isizongena e6untonjini ingathomba uyise useyihla6ela inkomo eseyikhombisa ukuthi isikhulile, isingaqoma.

16. Inkolongwane:- Kushiwo imfene efuyiwe a6athakathi a6athakatha ngayo. A6anye 6athi Indangala.

MMM

/Umaqandaququ6ele......

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umaqandaququ6ele:- Kushiwo umuntu ongenalo izwi kwamanye amadoda o6asukume abede yena, ahlaliswe phansi.

Imbunga:- Kushiwo kumuntu ongenaso isilevu, uma eno6oyana njena. A6anye 6athi induna x ya6afazi ngo6a engenasilevu.

Umngqolo:- Kushiwo kumfana ongavumi ukuyokwe lusa na6anye a6afana, ofuna ukuhlala ekhaya njena. Nendoda eyesa6a amanye amadoda.

Ingqwele:- Umfana oyena ehlula a6anye a6afana, o6aqathayo uma kwelusiwe.

17. Ivaka:- Kushiwo kumuntu oyigwala owehlulwa a6anye a6afana.

Idliwa:- A6anye 6athi umnyemu, umuntu onamahloni owesa6a a6antu.

Imvuthu:- Kushiwo kumuntu ongelutho kwa6anye, kwesinye isikhathi kushiwo into encane esele kweningi.

Umdantsha:- Ulele ungumdantsha yini sengathi usudliwe nangu mkhuhlane. Kusho umuntu osuke esedliwe isilo ongenawo amandla. Osefuna ukulala njalo.

Umnwe6elele:- Kushiwo kumuntu osuke e6ukeka edangele sengathi inhliziyo yakhe i6uhlungu okhathele njena. Osuke esedliwe nawumkhuhlane.

18. Olunenkume:- Kushiwo kumuntu uma ungamazi ukuthi unjani. Uma wena umethemba uthi ulungile kanti akalungile, uyazifihla kuwena. Phela nokhimi umuntu ulutheza luluhle kati luzophuma inkume phakathi umaselu6aswa ekhaya ilume a6antu.

Indonya yamanzi:- Kuyekushiwo kumuntu oluhlaza ngokuhle a6amuhle naye impela. Indonya yamanzi yitshe eselalolongwa amanzi elifumaniswa emfuleni li6ushelelezi.

Nkwishela:- Kushiwo kumuntu omnyama osokwehlule othi kanti umnyama u6uso 6ukhale amasi, esengathi ugco6a ngamafutha 6unamfune njalo u6uso 6akhe. A6anye 6aye 6athi isikwili 6emba.

19. Hulula imfi6inga:- Kushiwo kumuntu uma ungamazi ukuthi unjani kanti uyathakatha lomuntu. Phela nama6ele uwavuna uthi mahle kanti yimfinga njena.

Ingovolo:- Kushiwo kumuntu onamazinyo amade kunamazinyo a6anye, amade ephumele ngaphandle futhi. Onamazinyo amancane kuthiwa ingovolwana.

/Inqu6ulunjwana......

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Inqu6ulunjwana:- Lolu uhlo6o lokufa oluphatha umuntu kakhulu izingane ku6e amashashaza athi angaphela ashiye ama6ala amunyama e6usweni njengo fala olushiya izimbobo e6usweni 6omuntu.

20. Isi6i6ithwane:- Umntwana uma kade ekhala, noma esethula esezoloku e6i6itheka angasheshi ukuthula njena. Nomuntu omdala siyampatha umakade ekhala kakhulu.

Insumansumane:- Loku kusho into engamanga engasoze yenzeka inganekwane. Kushofuthi uda6a oluxa6anisa a6antu ekhaya.

Ukutheza olumanzi:- Loku kuyisisho. Kuwama ukushiwo ezintweni eziligugu, njengenyama nokunye okunalo igugu. Umuntu kwala egula kodwa uyaya enyameni ngo6a ingaluthezi olumanzi njengemali.

Itshe lenta6a:- Loku kusho um6ala wezinkomo kakhulu noma izimbuzi, ezithi umazidla enta6eni zifane netshe lenta6a elimhloshana.

21. Isiqandane:- Lokukushiwo ezimbuzini uma zinombala omnyama ude uthi 6ashu 6ashu ama6ala amhlophe.

Iginge ithodlana:- Kushiwo kumuntu uma eyisiminzi kepha kufumaniseke edla kancane ngesisiye isikhathi uma eke wakuthola komunye umuzi. Uzathi agathi ngesuthi 6athi unamanga ukuwe ndlalela kwenye indawo.

Imfinafu:- Kushiwo uma inda6a iyimfihlo ingavezwa o6ala kuthiwe iyimfumfu. Namantombazane avama ukuqoma ngokufihla kungaziwa.

Isiyo6i:- Kushiwo kumuntu ongenandlela yokwenza izinto, umuntu oyithatha, enze ngo6uthatha nango6uhlanyana izinto.

22. Ezidla ingwe6u:- Kushiwo um6ala wezimpala, nezinkomo zinawo um6ala onjalo ezinsundu umzimba, zamhlophe ngezimpumulo sengathi 6ezizicwilisa egwe6ini lo6isi.

Isi6unge:- Kushiwo kumuntu onenhlanhla yokuthola imali nokunye akufunayo. Umuntu onewozawoza othandwayo.

Isulu6ezi:- Kushiwo kumuntu othi kanti umsongele u6uye umuyeke njena, umuntu othi enemali yakho, sewasonga ukuthi awunakume6aleka futhi, u6one sewum6oleka futhi.

Inkulisa:- Kusuke kungama ngalawo. Inda6a eyake yakhulunywa ayafezeka, uma usuyiphinda kuthiwa yinkuliso leyo akulona iqiniso.

23. Izimbila zithutha:- Kushiwo a6antu a6anemi khu6a eminingi emi6i

MMM /engaqondile.........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

engaqondile. Uma wena uyeku6ona unga6azi.

Inhlangimangele:- Kusho uma uye entweni unethemba ukuthi uzoyifumanisa ikahle uthokoze ngayo 6ese udumalela khona.

Umthithimbili:- Kushiwo umuntu ongelona igagu uma kusinwa umzimba usimuze u6e ugodo njena wehluleke nokuphenduka 6esekuthiwa umthithimbili njena.

A6a6ulali 6enyathi:- Kuyekushiwo kumuntu o6ukeka elungile kanti lomuntu akalungile uyisige6engu. A6anye 6athi indlanzi inonele phakathi.

Impukane:- A6antu uma6ezingela 6avamile ukuthi ngiyihla6e empukaneni 6esho inxe6a elikhulu.

24. Insele:- Kuye kushiwo kumuntu othi imdala a6anakale sengathi usemncane kanti usemudala impela. Kokunye 6a6one u6ufishane kanti usemdala. Kushiwo naku muntu onamandla okulwa onga6aleki, ngo6a anukiselwa ngayo insele lena.

Isilugu:- Kushiwo into eyakhiwe ya6a yinqa6a evimbelayo, ekude nokulimala, ukwephuka.

Amavukana:- Kushiwo ku6afana a6asaqala ukubodla, ase6engena e6ubungwini. Ithole lenkomo umeseli qala ukukwela kuthiwayi vukane.

Mbokombili:- Kushiwo uma umuntu lapha eyakhona 6esola, 6engathandi aye 6ese6ethi hamba uma uzwa kushisa wo6uya ngo6a siyasola. Lohambayo umcamango mu6ili.

25. Ama6o6okelana:- Kushiwo ku6antu uma6ezwana ukuthi 6a ama6o6okelana ngo6a 6ayasizana ngokukhuluma kwa6o. Noma omunye onile amusize omunye ngamanga.

Ncwadango phondo:- Kushiwo uma into ungayazi ungalokothi uyenze ngo6a indlela yokuyenza awuyazi. Nentombi kwakuthiwa ingagani umuntu ingamazi ngo6a omunye mhlawumbe akana khaya.

Izikhonyelani:- Izinkunzi zezinkomo uma zifuna ukulwa ziya khonyelana kande zilwe. Kusuke kushiwo ku6antu uma6efuna ukulwa. Uma6esa khulumisana ngako ukulwa kwa6o.

Amashoshozela:- Kuyekushiwo ku6antu uma6emuzwela omunye uma

26. mhlaumbe umuntu ushaya ingane unina usezwela esekhuluma emvikela

MMM /umntwana..........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

umntwana. Isilonda sivuna imbilapho.

Shoshozela:- Uma abantu ababili kade bodlala wasuka omunye wamushaya ingozi omunye kuye kuthiwe akamushoshozele ngembuzi. Amuphephisele noma ngeshumi.

Hlaba eponi:- Kushiwo kumuntu othi uma umuthuma endaweni ethile asukele phezulu ngoba ubelindele ukuba umuthume lapho. Kuye kushiwo nakumuntu angagigiyeli uma ekhuluma obiza izinto ngezitho zazo.

Funza esihlathini:- Kushiwo kumuntu oshiya into efanele ase benzise engafanele ngobuwula.

27. Ingceba:- Kusho uma uvuke ekuseni waphuthuma ukuyokhuluma nomuntu obumusophile.

Kusempondo zamthini:- Naloku kusho ekuseni impela abantu bonke basavuka abanye basalele. Ngalesi sikhathi kuthiwa kusempondo zamthini.

Libomvu enzansi:- Kushiwo ilanga liqala ukuyophuma ngoba kuba bomvu enzansi kande liphume ekuseni.

Libantu bahle:- Kushiwo uma ilanga seliyoshona bonke abantu sebebahle engasekho umuntu omubi.

Mpholokohlo:- Kushiwo indlela ~~x~~ yezinyoka ewumzila omncane kodwa usubonakala ukuthi kunento ehamba lapha.

28. Amagwenxe:- "Ngumuntu wani lamagwenxana." Kuzitho zigobele ngaphakathi.

Ithombonkala:- Kushiwo amanzi amiphezu kodawa azaphenduke abe bomvu izinkomo ziyawathanda lawo manzi.

Isikhova simele uthi:- Kushiwo uma insizwa imele intombi ingayiboni iloku iyilinde emufuleni kuthiwe isikhova simele uthi.

Nsukuzatshwala:- Kusho uma indaba isisondele ukuba ikhulunywe engasekude.

Dedengu:- Kusho uma umntwana umtetemisa ungamushayi uma enza izinto ezimbi.

Indlakudla:- Lena imivelo yesizwe esimnyama umlobo kazi akakudli ukudla kwase mzini enganikwanga indlandla.

29. Ifenya:- Indawo enamanzi, engasheshi ukusha, iloku yaswakama njalo njena.

MMM /Imbuyangothi............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s793

Imbuyangothi:- "Phinde uyise 6amshiya yedwa engena msizi udla imbuya ngothi". Uyazithanathanela yedwa egenawo amandla.

Bukuda ngomkhonto:- Ukugwaza umuntu ngomkhonto engalindele engahlomile naye.

Amangina enyathi:- Kuyekushiwo kumuntu uma a6antu 6emethwesa icala kungelona elakhe 6emuqambela amanga.

Umfunza:- Kushiwo uma a6antu 6ekuthwese ngento unga yazi u6one isisekhaya njena.

Mpungulelweni:- Kushiwo umuntu ozifaka ezinda6eni kunge zona zakhe aze a6e ufakazi.

30. Imfe iphindiwe:- Kangikhohlisanga ungilayile. Kusho ukuqambela umuntu amanga ngento angayazi nakancane.

Umkhume wezintondolo:- Kushiwo uma into ingasekho isincane isilingene a6akhulu a6anumzane. Utshwala umase6u6uncane kuthiwa 6ulingene intondolo.

Izi6uku6ukwane:- Kushiwo a6antu a6afushane a6ano muzimba olingene.

Inkovu:- Kushiwo amanzi amancane aphuma otwayini amancanyane. Kwenzeka loku uma uthwayi soluphela.

Intsha6usuku:- Kusuke kushiwo kumuntu oshiswe umlilo noma ovela amabamuza emzimbeni.

31. Iphixiphixi:- Kushiwo kumuntu ongakhulumi inkulumo i6enye. Kusa kusasa esholoku ngakusasa asho okunye njalo njena.

Isevu:- Kushiwo insimi engasenako ukudla uma isimpuqumpugwana esinombila o6omvu.

Iqanda lenjelana:- Kuyekusho umuntu uma umphathise amanyala. A6afana ~~ya~~ 6aye 6ambo umgodi 6ese 6eboshela khona 6afulele ngomhla6athi, 6athi yimba khona.

Inongwane:- Kuyikusho umuntu uma ekhuluma ngendawo lapho azalelwa khona. Athi inka6a yami isekuthini lapho umuntu azalelwa khona. Inka6a inongwe yomntwana iye inqunywe iyombelwa esidulini uma umntwa ezelwe.

32. Ithongwane:- Kunamachungu akhandwayo yiwona lana kuthiwa ithongwane kagwayi. Kuyekuthi uma umuntu eno6uthongo abemewona yingako kuthiwa yithongwane.

MMM /Uphephela.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s793 K13/21

Uphephela:- Kunezinkezo ezincane ezenziwa ngezimpondo zezinkomo zilingane ikhala ngisho izimpumulo zekhala. A6anumzane kuqala 6a6e bema ngazo.

Imfaka6ili:- Kushiwo umuntu owathi ngokufa 6ase 6emvusa se6emenza umkhovu. Lona umukhu6a wa6athakathi a6avusa a6antu emangcwa6eni ngemilingo ya6o.

Isithembuzane:- Kusuke kushiwo um6ala omhlophe ose6usweni 6omuntu ofana nom6endama kungewona kodwa.

33. Amasu:- Kushiwo ukuzala komuntu. Uma a6eletha a6antwana a6awu (6) noma a6anye 6ashona kuthiwa unamasu awu (6).

Amasu ezitho:- Kushiwo izitho zomuntu ezimi kahle ezingewona umbobonono.

Umlulumbe:- Kushiwo komuntu omude, athi kanti mude a6emu6i nase6usweni 6akhe nomzimba wakhe uthambe njena.

Intiki:- Kusuke kushiwo umhluzi wenyama yangaphakathi njenga mathumbu nosu futhi. Akuwona umhluzi wenyama yangaphandle.

Amakha:- Kushiwo yona inyama yangaphakathi, eyayicotshelwe u6u6endo. Kuvamise uku6a yiphaphu nontu nokunye kwangaphakathi.

34. Inungu:- Kuyekushiwo uma into icijile kakhulu impela kuthiwe yinungu. Kuvamisile ukushiwo.ezinkunzini zezinkomo ezicijile.

Intokolo:- Kuyekuthi e6usika ezinye izinkomo zizace 6ese zifa ngokucwila emanzini. Inyama yazo (intokolo).

U6omi:- Kuyekuthi inyama uma isihlale kakhulu kuthiwe ino6omi isuke isinezimpethu isivundile.

Umxuku:- Kuye kuthathwe izinsipho zotshwala, zivonywe 6ese kuvutshwa ngazo umca6a ku6e munyu kuhlihle impela.

Ifusazana:- Kuye kuthathwe umbila ugaywe etsheni. 6ese u6uyekezwa wenziwe inhlama. 6ese uma usuphekwa kuqalwe ngamanzi nangezinti inhlama ifakwe amanzi ese6ila.

35. Umhlelenjwayo:- Kuyekuthathwe amanzi avonywe emazeleni 6ese kwenziwa ngawo umdokwe.

Ivangazi:- Kuyekuthi uma inkomo isanda kuzala inkonyane inye u6ulongwe o6uyinqa6a, 6u6a6omvu 6ona. Yi6onake ivangazi.

Amampinyana.- Kushiwo amehlo angaphandle kwezigoxo zamehlo.

/Nasenkomeni............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nasenkomeni kuyashiwo futhi ukuthi ingamampinyana ngamehlo.

Iphimbo:- Kushiwo uma umuntu esefuna ukufa kuthiwe kodwa iphimbo lisekhona usadokoza.

Mekeza:- Kusuke ulale nentombi wase uyenza umfazi, awaze wayisoma. Uma ungayisomanga wayimekezisa uhlawula ngezinkomo ezimbili.

36. Intshawula:- Kuyekushiwo uma ku6aswa ngotshani ubaqa. Uma izinkuni zingekho njengamazwe asezinkangala.

Ingummqumu:- Kuyekushiwe kumuntu olindele ifa lomfowa6o ngo6a engaganwanga.

Isigwamba:- Kuyekuthi umaku notshwala 6ungakaphekwa kusalele isehle phansi i6uye ithathwe iphekwe ngokwayo ivamisa uku6anamatshe ngo6a kusuke kuyinzika yotshwala.

Isidlakadla:- Kushiwo izinko6e izigayiwe zenziwa umca6a, 6ese zihlanganiswa nomhluzi noma owani kuvutshwe kudliwe.

Umcuku:- Kuye kuthathwe zona izinko6e zigaywe, 6ese kuthathwa amahewu sekuhlanganiswa nawo kuvutshwe kudliwe.

37. Ifa likazenze:- Kuyekuthi uma umuntu kade ehlinzekiwe uma engasafiki, kuthiwe sidla utshwala 6uka zenze. U6elindiwe kodwa wazihlalela yena.

Isishwapha:- Kuyekusho umuntu uma evamisile ukusiza a6antu a6ahluphekile kodwa kungeyona inda6a yakhe yokusiza la6o 6antu. Usezothi kade kwasa ngezisiza izishwapha.

Itshemo:- Kuyekushiwo itshe nkomo eluluhlaza. Kuthiwa itshemo ngokunye.

Umgqi6elo:- Kuyekushiwo uma ingu6o yendlula ezinye ikakhulu uma kunge yangaphansi leyo eyendlula ezinye. Kuthiwe umgqi6elo wendlula isonto.

38. Umqhu6ukusha:- Kuvama ukwenza uma umuntu egijima uku6a sengathi kukhona okusesifu6eni sakhe okumuhla6ayo. Kungavumi uku6a agijime.

Ncindizembe:- Kuye kushiwo uma ukudla kukuncane athi umuntu ngimane ngancinda umlomo 6ekungekho lutho.

Esogwayi:- Kuyekushiwo kumuntu ongazilutho oyisithutha ukuthi esogwayi esingathi nswi.



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s793 K13/21

Ihongo:- Kuyekuthathwe umulaza wenkomo osuphuma eguleni eselivuthiwe omuhle impela wona ocwe6ile, 6ese kuyosengelwa kuwona inkomo enezipholo ezinde ukuze lingonakali. Inkomo enomu6ele omncane iyaco6iza lonakale.

39. Inhlwayelo:- Umntwana uqu6uke vumbu wonke umzimba, uphethwe yinhlwayelo. Kuvamisile ku6antwana uku6a 6aqu6uke 6ephethwe yiyona inhlwayeyo.

Inkwankwa:- Kuyekushiwo uma ukuthi umuntu esenesikhathi ayigcina inyama usezothi ngafa ukuthanda inyama sekunesikhathi sayigcina. Sesinenkwankwa yayo inyama.

Ikloza:- Kushiwo kumuntu oyithanda kakhulu inyama kuthiwe u6ani lona uyihloza lenyama.

Ingogongogwana:- Kuyekushiwe kumuntu uma epheke ukudla okuncane.

Isiphutha:- Kushiwo imbuzi noma imvu enamadle6e ayisiphutha, asongene emancane.

40. Amgawu:- Kuyekuthi inkomo uma iseyisi thole yehluleke ukuzala 6ese iyakhishelwa umntwana. Leyonkonyane ekhishiwe kuthiwa umgawu.

Inxahi:- Kuye kushiwo inkomo ethenwe isidala yasuswa amasende kade isiyinkunzi.

Ithweka:- Kuyekushiwo inkomo enesende elilodwa uma elinye lisesiswini linga6onakali kuthiwe iyithweka. Inkomo enjalo ayifanelanga uku6a i6e yinkunzi ayizali lutho.

Isihleza:- Kuye kushiwo inkomo enophondo olulodwa olunye mhlambe lwephuka kuthiwe isihleza leyo nkomo.

Insongwakazi:- Kuye kushiwo inkomo eno6isi oluningi uma yehlisa.

41. Ixhwele:- Kushiwo kumuntu othanda kakhulu ugwayi, umuntu owuqalekelayo kuthiwe uyixhwele lowo muntu.

Iphisi:- Kushiwo kumuntu othanda kakhulu ukuzingela izinyamazane.

Iphini:- Kuyo ku6ekhona umuntu omele igoso. Uma igoso lingakho kuye ku6e yiphini elimele lona.

Igoso:- Kuye kukhethwe umuntu ozobasoba izinsizwa umakuyiwa emusindweni nomakuyiwa empi. Lomuntu obeke ezinye izinsizwa kuthiwa yigoso yena.

MMM /Isixe6e..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s793 K13/21

Isixe6e:- Kuye kushiwo entombazaneni uma isiqomile nakuyona insazwa kuyashiwo ukuthi isixe6e sika 6anilesi. Kushiwo kumuntu othanda omunye.

42. Ameva:- Kuyekuthi umakunomshado izintombi zigaye utshwala o6uningi zakuleso sigodi ukuze kuthi a6akowazo 6athole ukuphuza. Lo6utshwala 6u6izwa ngokuthi ameva.

Isimoyi:- Kuyekushiwo kumuntu uma eloku amoyizela, amoyizela noma kungaswelekile kuthiwe unesimoyi.

Idliwa:- Kuye kushiwo kumuntu ongakwazi ukusina noma engakwazi ukucula kuthiwe uyidliwa lowo.

Igagu:- Kushiwo kumuntu okwaziyo ukukhuluma, nokwazi ukucula, nokwaziyo ukusina. Futhi umuntu owaziwayo kwa6anye a6antu.

Umona:- Kushiwo kumuntu uma ehawukela izinto za6anye a6antu noma onganikani ngokudla oncisha nayo.

43. Umbaqanga:- Kuyekuthathwe impuphu i6uyekezwe. Ithi ingaka 6uyekezwa ithathwe ithelwe amanzi a6uthuku. Isizofakwa isi6iliso sotshwala iyekwe i6ile inhlama. Uma isi6ilile 6ese kuthelwa amanzi ebodweni a6ile kufakwe nezinqunga zoku6amba umbaqanga ungaweli emanzini. Elinye igama lombaqanga ujeqe.

Ukhothi:- Loku ukudla okwaziwa kakhulu ku6antu. Kwakuthathwa umbila, noma izintanga zamathanga zitshwelezwe eziko ngesidikiselo. Kuthi zingavuthwa 6ese ziyephulwa zigaywe. Kuzathathwa leyompuphu idliwe. Kwakuthi noma umuntu ehamba indlela umuntu aphathe lona ukhothi ahambe eludla aphuze namanzi.

44. Isija6ane:- Kuyekukhiwe umbido ngesikhathi sasehlo6o, uma usukhona. Kukhona nombido wezintanga zamathanga. Kuyekuthi kunga khiwa wona uphekwe u6ile kuthelwe impuphu ku6ondwe kuhlangane. Kuye kuphekwe njenge phalishi elishu6ile.

Idishela:- Kuyekuthathwe inhlama yama6ele, kuqalwe ngoku6ilisa amanzi 6ese kuphekwa njengemdokwe. Kwehluke ngo6a kona aku6iliswa kuyaphekwa njena.

Isithu6i:- Kuyekuthi inkomo uma izele isando zala lungahlambuluki u6isi 6ese kusengwa sona isithu6i leso siphekwe si6iliswe.

U6u6ende:- Kuyekuthathwe igazi lenkomo noma lembuzi li6iliswe

MMM /6ese.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

6ese licotshelwa ngokwangaphakathi.

45. Izi6ulakazana:- Kushiwo inkomo umakade iyisithole 6ese iyazala iqala ukuzala.

Ikweyi:- Kushiwo inkomo endala uma isike yazala noma kangangi.

Intondolo:- Kuye kushiwo imbuzi uma ingenawo amasende kuthiwe intondolo, uma itheniwe.

Impongo:- Kuye kushiwo imbuzi uma inga6onaze ithenwa.

Inqama:- Kuye kushiwo imvu uma inga6onaze ithenwa.

Inkehli:- Kushiwo intombazane esikhulile uma isifanele ukugana isinesicolo, seyembatha nesidwa6a esenziwa ngesikhumba sentondolo.

Iqhikiza:- Kuyekushiwo intombi uma isiphuma ihambe eyo6uka umsindo, esiqomile futhi.

46. Impundu:- Kuyekuthi emunyango wesi6aya sezinkomo kwakhiwe ngezigxo6o kwenziwe isango lokuphuma izinkomo. Lezigxo6o ezisemnyango zi6izwa ngokuthi impundu leyo.

Intu6a:- Kuqala kwakuthi ngomuva kwesi6aya kushiywe imbotshana yokungena umnumzane uma ezo6ona izinkomo zakhe ekuseni neyokungena umankonyane uma kusengwa.

Amapali:- Kwakuyekuthi esi6aye x uma kusengwa ku6e nezigxo6o ezimbelwe phansi eziklelile zoku6opha amakwiyi uma ezosengwa kodwa athambile awa6oshwa epalini. Ku6oshwa ayizinhlanya kuphela.

Isifaso:- Isifaso esoku6opha izinkomazi emanqineni ukuze angacithi u6isi uma esesengwa uma liluhlanya liya qiniswa impela ikwiyi.

47. Unwalo:- Kuyekugawulwe izigxo6o eziningi zokuvala emunyango wezinkomo.

Ithunga:- Amathunga eye6azwa ngomuthi kuqala kwenzelwe ukusengela khona. Ayengekho amabikili lana okuthiwa amathunga namhlanjena.

Ukuphonsela:- Uma inkomo ingavumi ukungenwa ngesifaso yayiphoselwa. Kwakuthathwa isifaso siphoswe ngaphansi kwayo asi6ambe omunye ngalena asilethe komunye, 6ese iyafaswa inkomo.

Ukulasikwiya:- Kwakuthi uma inkomo isiwa epalini ingashaywa kuthiwe lasikwini i6isi isondela ayi6ambe ngezimpondo loyo oyi6o phayo. Uma ingavumi yayincengwa ize ivume.

MMM /Umpehlu...............

Umpehlu:- Uma inkomo ilufihlile u6isi yayiphindwa ka6ili ukusengwa kuthiwe iphindwa umpehlu.

48. Ukujaheda:- Uma umfana evimbele amankonyane, kuye kumenyezwe ukuthi jaheda eka6ani inkonyane ne6ala usezoyikhipha inkonyane leyo.

Ukuwomeda:- Uma izinkomo ziphuma esi6ayeni kuthiwe ziyawomendwa zona. Umfana ukwela phezukwesi6aya amemeze athi womedi 6ese ziyaphuma izinkomo esi6ayeni.

Ukucwila:- Uma a6afana 6ehlangene ndawonye wase omunye uyasuza kuye kuthiwe akacwile. Use zothi: "Ngikleza ku Romesi no bantirongo". Ngokusho loku usecwilile yena. Uma engacwili 6ayamushaya a6anye a6afana.

Isisinga:- Isisinga esoku6opha izimbuzi uku6a zengeqi esi6ayeni ziyaye zikhungwe onyaweni lwangaphambili. Sonake isisinga intanjana noma yifosi ku6oshelwe phansi ezigxotsheni ezimbelwe phansi.

49. A6antwana uma 6ecela ife kwa6ala:- 6a6e memeza 6ethi, "khokhela khokhela endleleni nazinyoka endleleni, uma lowo omudala ephana usezo6a hoshela.

Impumputhe:- Uma umuntu enga6oni emehlweni kuyekuthiwe u6ani lona uyimpumputhe.

Isimungulu:- Umuntu ongakwazi ukukhuluma kuthiwa yisimungulu.

Indlo6o:- Uma umuntu enga6oni ngeninye iso lakhe umalalimala kuthiwa uyindlo6o noma kuthiwe uyicide.

Itshitshi:- Kuyekushiwo intombazane esencane uma isiqala ukuphuma ama6ele, kodwa uma ingakavunyelwa uku6uka, ingakaqomi futhi.

Isigodlo:- Isigodlo umuzi wenkosi lapho kuhlala khona amakhosikazi enkosi.

50. Umilolozelo ya6antwana

Lomkhu6a wokumemeza kuhlatshelelwa kwakwenziwa umzanyane uma umntwana ekhala. Wayesuke emulalisa uma unina womntwana engekho

Owa, owa, mntwana!
Thula mntwana
Hamba sotheza,
Musa angikuya
Ngagandwa yisifu,

/Emazi6ukweni......

MMM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s793 K13/21

Emazi6ukweni,
Kwaphuma ngingila,
Yangangaxamu,
Xamu lahoqoza,
Izizi6azide.
Nondende vuka,
Ngivuke njani,
Ngi6ulewe njena,
A6afana njena,
6akwa Tha6ede?
Tha6ede muphi?
Shayamkomo lena,
51. Idindilize,
Amathole aphi?
Akonina,
Uyawudlani?
Ngiyodlisinkwa,
Samthimuni?
Samqagogo.
Uyawumbaphi?
Ngendlu ka Fojo,
uFojo ngakushayi?
Soshayana,
Ndukuzakho ziphi?
Zihambe namame,
Wazilahle ezizi6eni,
Izizi6a ezikude.
Uyokhala uzudinwe,
Umame angimu6oni,
Thula! Thula! uyaze udinwe,
Mame usesemazi6ukweni,
Ezihosheni zemifula,
Uyahoshezela,
Uyokhakhadinwe,
Wo! Wo! thula mntwana.

52/Seliyoshena.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

52. Seliyoshona, seliyoshona,
Seliyoshonegangeni lentaба,
Lapha amaбele eбangqenemaбili
Izingwenya zithethamacala,
Kwamqethuka-nje koyekwasa
Asoshayihlanzisigxeni.
Seбeyiphethe бeyicubacuбa,
Ntethelengwane enganakuбanjelwa
Emathangana бushelelezana,
Seliyoshona nje seliyoshona.
Okhala ukhale uzudinwe,
We mntwana!.
Umame akalimanga,
We mntwana!
Uliбele inqoбe emhlangeni,
Uzoбuya ekuphathele amaбele.
We! mntwana,
Uzokhala ukhale uzudinwe,
We! mntwana.
Umame wahamba,
Sahamba sahamba nawe mama,
Sazula sazula nawe mana,
Siyicitha imali kaбaбa.
53. Sagiбela izimoto nawe mana,
Sacitha imali kaбaбa,
Sawuthwala umshini ka mana,
Sehla senyuka nawe, mana,
Sayicitha imali kaбaбa,
Sagiбela izitimela nawe mana,
Sayicitha imali kaбaбa,
Sazula sazulu nawe mana.
We, бuya hobe,
Uya uphetheni,
Ngiyangiphethe ukudla,
Okoбani we! бuyahoбe,

/Kudla..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kudla kwanganga ngingila.
Ngingila ka Xamu,
Xamu lahoshoza izizi6a,
Maye! Maye! ngane ka mama,
Ukhalelani na?
Ufunani kudlakuni na?
Umama usayokufuna.
Usesezihosheni zezindlela,
Thula, wokhala ukhalelani?
Wo, wo, mntwana!
Wokhala uzidinwe.

54. Umdlalo wengani ngelanga.

6eliphuma ilanga,
6ezigcwele izindlela;
I6iqalile imse6enzi,
I6iyandile imidlalo;
Manjena selishonile,
Salakhahle.
I6isukile imicamango,
Emihle nengalungile,
6ekukukhulu ukufisa,
6okumandla ukulangaza;
Manje selishonile,
Salakahle.
6elulude uhambo,
I6imile imiqansa;
Nemiklomelo ikhazimula;
Esicongweni saleyamiqansa;
Manje selishonile,
Salani kahle.
I6i6anzi imifula,
Zijulile izizi6a;
55. Nomvuzo umkhulu,
Ekuwelenl ngapheshеya,
Manje selishonile,

MMM /Salani.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Sa

Salani kahle.
6engaziwa kude,
6engaziwa ka6anzi;
6elulukhulu udumo,
6eziphakeme izihlalo:
Manje selishonile.
Salani kahle.
Ngangineziningi izihlo6o,
Na6angani a6aningi;
Ngixhawula kukhathale isandla,
Ngi6ulise kwale imhlathi:
Manje selishonile,
Salani kahle.
Kuzo zonke lezizihlo6o,
Phezulu kwa6o6onke a6angane;
Angithathi namunye,
Ngizohamba ngedwa:-
Ngikushiya konke:
Manje selishonile,
Salani kahle.

56. Umcamango kaMahlasela.

Sengathi uMahlasela wathi anga6a nodumo, wa6anendawo enkulu yoku6usa eyinduna, inkosi yase iyamusola ukuthi ufuna uku6ayinkosi ngokwakhe. Nezinduna aza6e zisamuthanda zamzonda. Uthena uma esecamanga isulokumuka athengise yona indawo yakhe 6akhuza a6afowa6o 6ala 6athi asisayi ndawo thina usungahamba wedwa. Kwathi namadodana akhe uBevule noma uZoli awa6e esavuma ukusuka kuleli wonke amaVilakazi. Wahamba uMahlasela waqonda kwaHlathi kusi Gweje ukuyokhonza. Kuthena uku6a ayizwe lenda6a uGamulakhe inkosana ka Mkhakanyeki yethuka kakhulu. Yase
57. imuzingela uMahlasela. Kuthena uku6a naye uSigweje a6one ukuthi zimbi impela wase uyamxosha uMahlasela. Wasuka uMahlasela wahamba nenkosikazi yake encane. Lokuphela wayesafuna ukuthatha omunye umfazi kodwa kamange esaphumelela. Wathi angawela umzinyathi

/wayohlala..........

MMM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

wayohlala ku Mkhunjeni wakwa nene oyena wamuthukusa kuzimpi zakwa Ndlela ezazimfuna. Kutho ngokufa kuka Gamulakhe wase uya6uya uMahlasela kwelase Mzinyathi. Walandwa amadodana akhe. Use6uya naye uNanene inkosikazi yakhe encane: Kwathi uMahlasela anga6uya wa6a iyona induna yakwa Ndlela. Kodwa 6ase 6emuzingele 6efuna

58. ukumu6ulala. Kuthena ngelinye ilanga yamu6iza uMahlasela nezinye izinduna zakwa Ndlela. Use6izwa umfowa6o ka Gamulakhe uBedleni. uMahlasela akaze avuma ukuya kuyena usethumela isigijimi ukumulanda ne6ala usehamba naso uMahlasela. Usemutshena uBedleni ukuthi mina angilti nawe wena ka Zikhali kuhle sihlalisane ngokuthula mina angiyena umfowethu o6efuna ukuku6ulala. Se6ehlala kukhulunywa inda6a yokusiza uHulumeni ngempi yamaBunu namaNgisi. Kwathi uNdlela wonke ephilele wavumelana ukusiza ngezinqola zithwale ukudla nangokukhipha izinsizwa ukuyokwelekelela amaNgisi. Nayeke uMahlasela wakhipha indodana yakhe uBevule

59. nezinqola ezimbili, enye yayishayelwa uyena uBevule, enye ishayelwa uMampulu kadadewa6o kaMahlasela. 6aya emaJu6a lapho impi yamaNgisi namaBunu yayikhona. Wakhipha namanye amadoda akhe uMahlasela ukuyosiza eku6ambeni intambo nase kulayisheni. Kwathi ngokuphela kwaleyompi amangisi azithathazonke izinka6i zala6a 6akwa Ndlela ezazidonsa izinqola 6a6anika imali. Iyonake imali eya6asiza ukuthenga lamazwe a6akuwona osokukhona inzalo ya6o namhlanjena. Naye uMahlasela wayandisa indawo yakhe wayenza ya6a6anzi, wase evula nesikole sokufunda a6antwana. Njengo6a

60. sisekhona kuthena engasazi uMahlasela zaphinda izinduna, zaxha6ana naye. Izindawo zazingakehlukwa nisa njengo6a sekunjena namhlanjena. Uyena owaye yinduna enkulu yakwa Ndlela. Kulolonke lase Mnambithi kwakunguyena induna enkulu. Kwenzeka ezinye izinkomo ayehamba ezithola ku6antu wayezithatha ku6e ezakhe. Um6ango wasuka ngazo lezo zinkomo. Um6ango usuwenza amandlela ehlukana ka6ili, kwathi a6angaseMnambithi 6a6a ngakuye uMahlasela. Kwathi ngoku6ona ukungapheli kwayo 6amu6amba uMahlasela ngo6a inkosi ya6alekela ku6ona.

61. Kwathi ngokum6amba yase iyaphela impi, 6ase izindawo 6ezi

MKM /nqamula.........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

nqamula abamhlophe banzenza izigaba base behlukanisela bona abenkosi. Uthena ephumalapho uMahlasela wayese buyela emzi wakhe akabe esabusa njengoba wayeyinduna enkulu yakwa Ndlela wanqunyelwa indawo encane yokuba ayibasobe. Wayengasoyona induna wayesemikwe isifunda ukuba asibasobe asibekele yena uNdlela. Akamange esaphila kahle kwathi nemicamango yakhe yokwandisa indawo yesifunda ayenikwesona awabe usaphumelela. Noma kuyiqiniso ukuthi bamubulalela ukuthi kuhle bonke bashaye izinkabi bathenge enye indawo kasazi ngoba wafa ngokudliswa. Isitsha esihle kasidleli, umbebi wenkosi kabusi nayo.

62. Ukufa kuka Mahlasela

Kuthena ukuba afe uMahlasela kwasuka uMshengu Shabalala onesizwe sakhe eMathiwane, weza nabantu abaningi base Mnambithi lapho uMahlasela ayengakhona yibona uMshengu ayenabo empini belwa nowenkosi uBedleni. Kwathi uma abamhlophe sebeyilamula base bemenza inkosi uMathiwane indodana ka Mshengu owayeyinduna yakwa Ndlela. Phela uMshongu wathenga indawo njengaye uMahlasela. Yenake wayithenga kwelase Elandlaadge eduze nase Jonono. uMahlasela waye wababika enkosini uMkakanyeki. Ngokwesaba izimpi nabo laba abakwa Shabalala base bekhonza kuyena owenkosi uNyamayenja. Kodwa bakhonza kuyindodana yakhe uMkhakanyeki. Phela nabo abakwa Shabalala baphuma khona eSwazini. Uthena

63. Uthena ngokufika uMshengu esililweni sikaMahlasela wafuna ukwazi ukuthi ubulawa yini. Kwabakubi impela waze wakhuzwa uMshengu ukuthi uxabanisa izwe. Washo lamazwi wathi, "Ubeki wenkosi kabusi nayo" wathi kwabonakala ngomusebeni wakhe omuhle okaZikhali. Kwathi amadoda avumelana ngokuthi kuhle kuyobulwa naye owenkosi wavuma ukuba kuyiwe. Kwakwelwa uNdi kwayiwa kuma Zizi akwa Dlamini. Amadoda ayahambe lowo mhlahlo iwona ase Mnambithi. Namanye akoJele noNyembe nawo umndeni ka Zikhali. Isangoma sathi udlisiwe ngamabomu ngoba ehlakaniphile ehlula amanye amadoda. Sathi ubulawe izinduna zakwa Ndlela. Naye uMahlasela wathi abantwana bakhe bangakhelani nomndeni wakwandlela unomona. Yiwona

64. amazwi avalelisa ngawo emzini wakhe uma elaya indodana yakhe uBevule. Wathi kungcono baphindele emuva eSwazini uma bengayitholi

/inkonzo...........

MMM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

inkonzo kwamanye amakhosi. Izinduna ezanukwa uyena uSomveli Zungu wathunywa ukumu6ulala uMahlasela. Wathunywa izinduna. Kuthena kunjalo uMathunywa nkosi oyena waye yinduna yenkosi ondini wathi kuhle umhlahlo kaMahlasela ulalelwe endleleni u6ulawe wonke. Ne6ala wayiphaka impi uku6a iyo6alalela enhla nomanzamnyama indlela yayihamba khona. Kwathi impi ilindele endanyana kanti umhlahlo uhamba ngenye indlela eyendlula ephushini. Noko yahlanga6ezana enzansi naManzamnyama. Ngo6a kwezwakhala ngezinhloli ukuthi napa lapha 6enga khona. Yadumelana lapha
65. sekukhona isikole sase Manzamnyama manjena. Yalwa kulapho uMshengu asalakhona. uMshengu wayefisa naye ukufa ngo6a uyena muntu ayezwana naye. Nasendleleni kuthiwa wathi ngokungcono uku6a 6afela khona empi yase Nkunzi lapho uMahlasela a6anjwa khona yi6ona a6amhlophe uku6a owenkosi a6alekele ku6ona. A6aningi 6aphumelela ukuhamba 6aye 6ayofinyelela ekhaya. 6ehlulwa kodwa wa6e esefile uMshengu wafela kuleyompi yamagwala asondini.

Kuthena uma inkosi isiwancenga amaVilakazi nokuthi kuhle uBevule indodana kaMahlasela i6eyinduna aya6e isavuma naku6ona a6amhlophe yenqa6a ukusithatha isikhundla sika yise. NoNyonyana umfowa6o ka Mahlasela wenqa6a ukusithatha isikhundla somfowa6o.

66. Kwathi uku6a uMathiwane a6eyinkosi 6emuka a6anye 6akwa Vilakazi 6aya eMnambithi 6ase 6ekhonza kuyena uMathiwane. Kwathi a6anye njalo 6endlula 6abeka enzansi kuyena uSomusewu ngo6a 6ase 6ezwile ngemfundo nangokholo 6ase se6ediniwe um6ango wakwaNdlela nezimpi zawo. Kwathi a6anye 6akhonza enkosini yesizwe sakwa Kumalo. Namhlanjena yi6ona la6a a6akhe eMhlwaneni kwelase Mnambithi. Isizwe sama Vilakazi safakanjalo. Uku6a uMahlasela akasheshanga wafa nga6e mhlawumbe sama asaċitheka nezwe lonke lase Natal. Inzalo ka Mshini ka Zikhali isemvoti nase Edandile kwelase Mgungundlovu. Eka Mahashi yakhe na6akwa Kumalo. Namhlanjena sekulikhuni ukulandela imizila ya6o 6onke la6a 6aka Mambane Vilakazi.

67. uHlomendlini ka Mahlasela

Izi6ongo zika Hlomendlini:-

Othe evela wavela ngom6ango,

/Nkomo...........

MMM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nkomo zaya ondini zaбuyelela;
Zaбuya seziwa inani lazo,
Uthena eHloma ethuka Amaphephethe,
Inkomo edla yodwa,
Unoduka nezwe, kwakhala omeme,
Umathutha omame kuqala,
Waбathutha omame kuqala,
бathe бevimba izindlela wayesewele,
Owele uPhongolo, no Suthu,
Umalanda umzila wokhokho,
Olaude umzila ka Mambane
Uthungatha umkhondo wawuthola.
Utshwala бuka gologo,
бaбungaphuzwa muntu,
Kanti бaphuzwa ukuhamba,
uSiбasa ndleleni,
Zaбamukayo naбahleziyo,
бathi бethuka бaбona amanxiwa,
Kwayikhona бeбaбela umlilo,
Wayengasekho, oka<u>Zikhali.</u>

68. Kuthena uMahlasela ukuбa axaбane naбakuбo kwa Ndlela kuhlome impi u<u>Ndlela</u> anqamuke kaбili wasethola umntwana wametha wathi uHlomendlini. Wayeseluleka inkosikazi yakhe u<u>Nanene</u> ukuthi asize lomntwana amuhambise amuse e<u>Swazini.</u> Angamuhlalisi kulaбa бakwa Ndlela ngoбa бanomona. Akwaziwa ukuthi waze ethi uHlomendlini aбosiwa eSwazini njena waбonani. Aбanye бathi waбona ukuthi uhlakaniphile kepha washo esemncane. Neбala uNanene wemuka noHlomendlini namakhosikazi akhe amaбili wayakhona lena kwelase Swazini. Namhlanjena umuzi wakhe uHlomendlini uphezulu o<u>Bonjeni</u> lapho uNdlamhlaбa ayakhe khona ukhonze kwaбakwa <u>Maziya</u> бaka <u>Mbundle.</u> Nayeke unina ukhona lena e<u>Swazini.</u>

69. uHlomendlini wayengeyona inkosana ka Mahlasela kodwa igama lakhe lidume sengathi uyise wayefuna ukumuбeka inkosana, kodwa wayengaka tsheni muntu ukuthi uzomenza inkosana yakhe.

MMM /Kodwa................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kodwa kwawe thusa amá Vilakazi ukuzwa ukuthi unina aze amususe amuphindisele eSwazini. Kuthena 6elindele ukuthi 6azomu6ona ukuthi wenzani kwayilapho unina esehamba naye kungazi ~~x~~ muntu. Washiya umuzi wakhile uNanene wahamba naye.

Izinkomo zika Hlomendlini uyise uMahlasela wazi6eka ku mfowa6o, waye esezilayela uMshengu Sha6alala ukuthi, uma engasekho yena makozilanda azinike yena lomntwana. Kwathi engalindele uMshengu engakatsheni muntu lenda6a wase uyafa, wafa ngomhlahlo kaMahlasela.

70. Kwathi induna ka Mshengu eyona yayimusiza uma ethetha amacala ekusho loku kuma Vilakazi afuna ukuma ngezinyawo wonke. Kuthena noMondli Vilakazi owayakhe kwelase Mnambithi ukukuzwa loku wa6aleka nomuzi wakhe wazokwakha kuyona inzalo ka Mahlasela eyamuvuna ukuthi angazikhiphi lezizinkomo ngo6a uMahlasela aka6a tshenanga 6ona. Loku kwenziwa yiwona amadodana ka Mahlasela ngo6a engafuni uHlomendlini efuna uBevule uku6a ku6e uyena inkosana ka Mahlasela. Naye uNanene wasinda ezandleni zama Vilakazi. Kuze ku6e namhlanjena wazidla izinkomo uMondli. Kodwa uthena kumuva inkosana ka Mahlasela uBevule wazi6elesela lezizi-nkomo zikayise waze wazithola kuyona indodana kaMondli sezizi zele.

71. uHlomendlini unina wemuka naye wabeka ku6o. Unina wayengeyedwa waye nomuzi awunikwa uyena uMahlasela. Wayehamba noMona Khulu oyena amushiya uMahlasela. Kuthena uma uNanene afune ukuhamba wahamba naye uMona. Uyena uMahlasela a ~~x~~ owamushiya kuyena uKhulu. Kwathi uku6a 6awele uMzinyathi 6ahlangana nensizwa eyayi yinde inamehlo a6ukhali. 6acela indlela ebeke eDumbe ya6alayela ngomusa lensizwa. Kwathi noma 6efuna amanzi yase iya6a khombisa umthombo 6aphuza 6ase 6endlula njalo kwase kuse Hlo6ane lapho.

Kuthena uma se6ehamba wawu6a6aza umusa walensizwa uMona naye unina ka Hlomendlini wawu6a6aza. Wathi uMona, "kade

72. ngilihamba izwe kangi6onaze ngiwu6ona umusa onjena." Kwathi loku kwaku sekwindla yamupha umbila uHlomendlini. Ya6uza nokuthi



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s793

okaбani бamutshena. Phela naye uHlomendlini wayeбukeka enamehlo aбanzi emuhle sengathi uzalwa inkosi, kunjalo ngoбa phela ama Vilakazi amakhosi nawo.

бahamba бaye бalala khona eDumbe. Kwathi kusa бahamba futhi бeqonde phambili kwathi emvakwezinsuku ezintathu бafinyelela kwelase Makayiyane eSwazini. Kwathi uMwaga Vilakazi wathokoza ukumuбona okayise noma kwakuwumntanakhe njena. Usehamba naye eyombika enkosini uSobuza naye wajaбula ukumuбona wase esemunika indawo phezulu oбonjeni wamunika uMbundle Maziya.

73. Ukugweбa izingane.

Lona umkhuбa owawenziwa kwazulu nakwa Ngwane. Kuthiwa kuбusa uMswazi owuyena waphemba isizwe samaSwazi. Naye miningi imikhuбa ayeyenza uMswazi ukwesaбisa aбantu бakhe. Naye uShaka waye nemikhuбa eminingi naye wokwesaбisa aбantu бakhe. uMswazi akwaziwa noma wakuthathaphi loku ukwenza. Phela naye wawandisa amaSwazi ngokuqoqa izizwe ezincane zaбangaphansi kwakhe ngokwesaбa udumo luka Shaka owaye nodumo. Kuthena ngokuбona loku zahlangana ndawonye namaSwazi izizwe ezinye ezincane ukuze ziphephe ezandleni zamaбutho ka Shaka. Nezinkomo zandiswa uyena uMswazi owaqoqa izizwe ezincane. NoZulu wayeluzwa udumo luka Mswazi.

74. Umkhuбa omkhulu kuбusa uMswazi eSwazini owokugweбa aбantwana. Kwakucamangwa ukuthi umntwana uma engagwetshwanga akakhuli kahle uthi uma esekhulile бese uбayisigcwelgcwele enziwa ukushisa kwogazi. Kwakuye kuthi uma ingane isencane бese iyagwetshwa. Neyomfana yayigwetshwa nayo eyentombazane yayigwetshwa. Kwakunezinyanga ezenza lomuseбenzi wokugweбa izingane ezincane. Kwakuthathwa umntwana enziwe sengathi uyacathwa, kuthathwe uhlanga ngendlela sengathi uyacathwa. Laluthi lungangena uhlanga luphendulwe ngamakhulu amandla. Kwenziwe njengoбa umuntu ephehla uzwathi. Kuthi kungaбa njalo ingane yophe kakhulu. Kwakwenzelwa ukuphungula igazi emzimbeni womntwana ngokopha.

75. Kwakuthi unina womntwa uma engakwazi ukugweбa alande izinyanga noma ahambe nomntwana amusekuzona izinyanga kuбe yizona zimusi zayo. Phela aбanye бaбesaбa ukuzwa umntwana ekhala.

MMM /Kuthiwa...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuthiwa kulula ukugweɓa umntwana wentombazane kunomntwana womfana. Umfana kunemithambo eyayiqashelwa ukuze unga thintwa lowo mthambo. Lomkhuɓa wawu hlonishwa kakhulu impela eSwazini ngesikhathi kuɓusa inkosi uMswazi. Naɓantu kuthiwa ɓaɓewuthanda lomkhuɓa ngoɓa ɓenesifiso sokuɓa aɓantwana ɓaɓo ɓakhule kahle impela. Umuntu uma engawugcinanga lomkhuɓa wayehlawuliswa. Kwakwaziwa ngesikhathi umntwana esegwetshiwe. Kwakufana nombabadiso lona owenziwayo, ngoɓa kuyinto enkulu kuɓazali ukuhambisa izingane zaɓo embabadiswени. Naleyo nduna yayazi ukuthi aɓantwana
76. seɓegwetshiwe esifundeni sayo. Phela umntwana wayeɓonakala ongazange agwetshwe. Kuthiwa inkosi uMswazi yafuna ukukhombisa oɓala kuɓantu ɓayo ukuthi umntwana ongagwetshwanga akalungile. Kwathi elinye iɓutho layo yamemezela ukuthi lingagwetshwa neɓala alaze lakweziwa. Leliɓutho insuze. Kuthiwo lakhuɓa ngokuɓunguzela lona laphapha impela lanamadla futhi kodwa kwathi uma sekufika isikhathi sokuɓutwa kwaɓa yisimanga alaze lavuma laliɓala ukweshela amantombazane. Kuthiwa aɓaningi ɓaleliɓutho ɓaɓulawa ngokunyonyoɓela esigodlweni senkosi eɓusuku ɓafunyaniswa yizona izinhloli. Kuthiwa kwathi ngemva kwaloku inkosi yathi kuhle iɓutho lensuze liɓulawe lonke. Wonke umuntu waziɓonela ngawakhe amehlo ukuthi umntwana ongagwetshwanga akalungile. Usuke athande isifazane kakhulu. Nowentombazane athande aɓesilisa
77. kakhulu. Yingako namhlanjena aɓantwane seɓehluleka ukuhlala ɓaze ɓakhule. Kuthi umntwana omncane uyezwa sewumithi nowomfana uyezwa usemithisile. Lomkhuɓa kumaSwazi usandakuyekwa. Naɓo laɓa ɓakwaNdlela ɓasanda kuwuyeka. Amaɓutho ayengenandaɓa kakhulu nomuntu wesifazane, nezintombi ɓezikhula impela zingenandaɓa nomuntu wesilisa. Kwakuɓa khona nakuɓona aɓangagwetshwanga kahle aɓanengazi eningi impela. Umntwana omuhle owaye aze aphindwe kaɓili. Kodwa uma esekhulile kwakuɓa yingozi kumntwana. Kakhulu yena owomfana wayevama ukugwetshwa kanye kuphela. Lomkhuɓa nakwazulu wawenziwa ukuze nemizi yamadoda imi aɓafazi ɓangemuki ɓayogana amanye amadoda uma amanye ephume impi. Futhi ayekwazi ukuzila iminyaka ~~xxxxxxx~~ eminingi.

MMM

78/Ukucatha.........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s793 K13/21

78. <u>Ukucatha</u>

Ukucatha omunye umkhuба waбantu, owaziwayo kakhulu kuбantwana. Uma umntwana esandozalwa kuye kufunwe izimbiza imithi yokucatha. Omunye walemithi inguduza.

Kuyekuthathwe uhlanga kucathwe ngalo. Ayengekho amahlanga esilungu kwakukhona imihlanga ekhiwa emfuleni бese uyalungiswa. Kwakuthathwa olingene omncane. Kuthi uma esecathekwa kuбizwe umuntu omdala ekhaya. Kwakuvamise ukwenziwa izalukazi. Uma umuntu eqala ukuбeletha wayefundiswa ukuthi uhlanga lufakwa kanjena. Lungafakwa ngamawala, futhi umuntu angelushonisi kakhulu. Nendlela yokulalisa umntwana emathangeni akhonjiswe umakoti uma
79. umhlanga ungekho kukhiwe imбобо yezintanga kakhulu yamathanga kuбe iyona isetshenziswayo. Futhike yona ithambile. Umuthi uyamunyathwa ngomulomo бese umuntu ewusunduza wenzelwe ukungena kumntwana. Nokumufutha kwenziwa ngezu. Yingakoke kuye kufunwe umuntu omdala osekade eбona. Aбanye бayamulimaza umntwana uma ukuthi akakwazi kahle. Kuvamiswa ukuбa amaбinzi omuthi aбemaбili ngomulomo kungenziwa isikhathi eside. Aбanye бamucatha ngethamo liбelinye kuphela. Ezinye izingane aziyingaphandle zingacathiwe. Uma umuntu eyinono x uyifundisa ukuyisa ngaphandle ngalo uhlanga. Uma ingacathangwa x iye ikhale uma ifuna ukuya ngaphandle.
80. Umntwana uyacathwa aze akhule. Wenzelwa izimbiza zokukhula zipholise ngaphakathi esiswini. Kuye kufunwe izimbiza zokulungisa isisu somntwana. Yonke lemithi itholwa ezinyangeni. Aбanye aбadala бayawazi бazimbele. Kuthi uma esezokhishwa endlini asizwe ngezimbiza ezimaqondana naloko. Kukhona ezihamba ngoбisi. Kukhona ezinye izimbiza zenyoni. Umntwana uze elanywe ecathwa. Uma umntwana esekhunyuliwe kunina uyaye anikwe izimbiza zokukhipha amasi eбele likanina. Uma umntwana enesisu esikhulu kuye kufunwe zona izimbiza zokumukhipha ukuze isisu sinciphe. Awukho omunye umuthi owaziwayo ngaphandle kweziphungo. Kodwa nazo iziphungo azifani nezimbiza zokucatha. Naбo aбantu aбadala
81. бaбecatha. Umuntu oбevama ukucatha amakhosikazi uma ekhulelwe. Ukuze umntwana akhule kahle esiswini sikanina wayecatha unina.

/Noma.............

MMM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Noma neziphungo ayenazo kodwa ukucatha kwakuwumuse6enzi omkhulu. Umuntu omdala u6ecatha ngophondo olulungisiwe u6engacathi ngomhlanga. Uma inkosikazi sekusondele i6elethe yayenzelwa isihlambezo. Isihlambezo umuthi ombiwayo. Nawo umnduze uyisona isihlambezo. Isihlambezo sisiza uma umuntu esezo6eletha ukuze a6elethe kahle angahlupheki. Yisona isihlambezo esixengisa umntwana kunina. Uma umuntu engazitholanga izihlambezo uyahlupheka musukwana e6eletha. Umntwana uyephuza ukuphuma. Kuyakuthi noma ese6elethe ase6enzise zona izimbiza zokucatha

82. ukuzigeqa kahle akhiphe nengazi yonke eyophela ngaphakathi. Usezothi uma eqeda uku6eletha anukiswe ngezinyamazane. Zizodwa izinyamazane zomuntu omdala zizodwa futhi ezomntwana omuncane. Kuya ngamasiko lapha ekunukiseleni umntwana. Kufuneka kwenziwe inyanga x yozalo eyaziyo ukuthi la6a 6akwa6ani 6anukiswa ngalezi izinyamazane. Uma kungenjalo ku6izwa umuntu omdala ku6e uyena othumela enyangeni umfana oseqinile, noma insizwa ukuyofuna izinyamazane zokunukisa umntwana. Kuyakuthi uma sezifikile 6ese uyamunukisela umntwana. Kwenziwa kakhulu uma umntwana esandozalwa nalapha esenqunywa inka6a. Uma umntwana ekhala uye anukiselwe futhi ngezinye izinyamazane ukuze angakhaleli futhi. Naye unina wayemikiswa impela aze alulame aphume le phandle.

83. Omunye umuthi owaziwayo owokubema. Uma kulikhuni uku6a owesifazane a6elethe waye benyiswa lomuthi wokubema uhambelana nowokuncinda. Lona umuthi owenziwa izinyanga ezaziyo ngempela ukuthi uthakwakanjani. Kuyekuthi uma umuntu egula abenyiswe ancindiswe futhi, kuthi nowokunuka anikwe nawo. Iwona muthi waziwayo. Nayeke umntwana uma egula uyanikwa lemithi. Iminye yenziwa uma umuntu egula impela. Phela nomuntu uma6emuvusa 6amunika yona lemithi ukuze avuke uma se6emutwe6ulile.

Omunye umuthi owaziwayo owo kuhlanza. Lomuthi owo6ulawu waziswa kakhulu izintombi, nezinsizwa nawo amakhosikazi ayawuthanda lomuthi enza u6ulawu 6amadoda namadoda enza u6ulawu 6esifazane. Kuhlanzwa ekuseni. Iwona muthi wo6u soka.

84. A6antwana a6awuse6enzisi lomuthi. Kuze kuthi umase6ekhulile

MMM /6anikwe.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

6anikwe wona. Lomuthi unhlo6o mbili kukhona owokuhlanzela u6ulawu kukhona omunye wokuhlanzela inyongo uma umuntu enomuthakathi.

Kukhona omunye umuthi okuthiwa yisigqa6o, kugqathhelwa zona izintombi, namanye amadoda ayagqatshelwa uma umuntu enecala. Nase muse6enzini 6ayagqatshelwa a6amhlophe ukuze umuntu 6amuthande. Lomuthi wokugqa6a amafutha ezilwane. Njengamafutha emvu6u. Wona enza umuntu a6enenhlanhla emse6enzini nase zintombini. Omunye umuthi wokudlisa umuntu, lomuthi unamandla, kuthathwa inhliziyo yengwenya kudliswe ngayo a6anye otshwaleni. Miningi eminye.

85. <u>Ukugaya</u>

Nensi enye inda6a ukugaya kuwumuse6enzi omkhulu wa6antu kwakufunwa itshe lokugaya kuqala lilungiswe kahle impela. Kwakufunwa itshe eli6ushelelezi eliyisica6a ukuze imbokodwe igaye kahle. Nayo imbokodwe yayilungiswa ilingane nalo itshelelo ukuze ise6enze kahle. Nanamhlanjena kuyagaywa eSwazini. Umushini wa6elungu awukanakwa kakhulu. A6anye 6athi impuphu yokugaywa ngezandla iyona iyinhle impela kunempuphu yomushini.

Umakoti uma efika emzini into ayeyazisa kakhulu yiko ukugaya kwakuthi ekuseni musukwana umshando, uphele ngayizolo umakoti avuke kusemnyamana alungise umbila agaye izindishi

86. eziningi kuthi kusa 6ese eziqedile izindishi lezo. Wayesizwa yizimpelesi zakhe umakoti. Into futhi eyayivamiswa ukugaywa umbila notshwala ngama6ele. Umbila uma ulinama wawugazingwa eziko ukuze ulungele ukugaya. Ukuze impuphu ingacitheki yayiwela esithe6eni, ithi uma isigcwele khona 6ese ithelwa kwezinye izithe6e noma ithelwe esihlelweni.

Uma ukuthi itsheleli alisaga yikahle usezothatha isiqandulo alilungise ukuze ligayekahle lelotshe. Uma esando qeda ukuliqandula yayingagaywa impuphu. Kwakugaywa inhlama ukuze isuse wonke udothi nokulumela etsheni, naleyo nhlama kwaku6a ngeyotshwala. Uma kunziwa eyokudla yayingelunge yona. Ngo6a kwakungalumela. Amantombazane ayefundiswa ukugaya esemancane. Uma intombazane

87. ingakwazi ukugaya insizwa yayiyeka ingayithathi leyontombi.

MMM /Phela..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s793

Phela abantu babefakana umlomo ukuthi izintombi zasekuthi azikwazi ukugaya zingamavila. Kwakubonakala ngezindala izintombi uma ziganile. Uma zifike zavilapha emuzini ezilandelayo nazo kuzothiwa ziyavilapha, bese ziyanyundeleka nalapho ziyagana khona. Phela into ebigaywa kakhulu utshwala, babenziwa ngemigqomo nangemiphongolo. Namanye amadoda ayekwazi ukugaya ikakhulu amadoda angenawo umuzi ayaye ezigayela. Nanamhlanjena amanye amadoda ayakwazi ukuzigayela. Akulona ihlazo ukugaya. Lona kwakuwu msebenzi wamantombazane namakhosikazi kakhulu omakoti. Nezingane zamantombazane zisencane ziyakufunda.

88. Ukusoka

Kwakusokwa eSwazini kusabusa yona inkosi uMswazi. Kwakuthi abafana umasebekhulile sebengena ebudodeni bese beyosoka bonke labo bafana. Kwakunendawo lapho kusokwa khona. Kwakukwelwa izintaba kuhlalwe khona nokudla abafana bakuthole khona lena ezintabeni. Lomkhuba wawenziwa ngoba kwakwethenjwa ukuthi umuntu ongasokile akalutho futhi akayona indoda yena. Kwakwethenjwa ukuthi noma esemudala uyobonakala ngezenzo ezihgandile ezenza.

Kwakuthi uma besoka kungavunywa ukuba umuntu wesifazane endlule lapho bekhona. Kodwa umuntu omudala isalukazi sasivunyelwa ukwendlula lapho sona. Ukudla babekuthola kancane ngalenkathi. Abanye babafana babefela khona lapho.

89. Kuthi bangafika khona entabeni lapho kuthiwe abame uklelo bese besikwa lona ijwabu lomuphambili ukuze libelufushane. Loku kwakwenziwa izinyanga ezikufundele. Kuthi bangasikwa banidwe ngemithi ukuze kusheshe ukuphola. Abanye kophe kakhulu baze bafe. Kwakunemithi abanikiselwa ngawo omunye wokuphuza. Ngalenkathi besezintabeni kuneminye imithi abanikwa wona, kwakuthathwa nezintelezi zempi banikwe zona, benukiswe nangemithi emibi izinyamazano zezilwane x ezinolaka. babeqiniswa ngoba sebebuthwa. Kuyakuthi emvakwaloku banikwe negama lebutho. Kusukela ngalolusuku sebezophuma impi yokuqala lapho kuzotholakala nezibongo zabo namaqhawe kubona. Abanye babegula isikhathi eside.

MMM /Alikho.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/21 32

s793

Alikho i6utho elali6uthwa lingasokenga. U6unsizwa 6a6u6orakala ngako ukusoka.

90. Nazo izintombi zazi6uthwa nazo. Zonke zazi6uthelwa ukujujwa. Ukujujwa loku ukuziganisa ngenkani i6utho ezingalifuni. Noma intombi inalo isoka kodwa uma lingekho kuleli 6utho lalingelutho lalisalaphensi lona. Kwakuthi noma intombazane ingalifuni isoka iligene ngenkani. Amanye amantombazane aye6aleka kodwa lapho ayofunyaniswa khona a6ulawe. Noma asagana asena6antwana ayo6ulawa. Yiwona mthetho wawu6uhlungu futhi ungathandeki ku6antu 6esifazane nesilisa. Kwenza a6antu a6aningi 6a6aleka a6anye njalo 6aphenduka amazimu ngokuhlala ehlane 6esa6a uku6ulawa. Kungaka fiki a6amhlophe yayingekho indawo yoku6alekela. Yingakho kwathi kungafika a6amhlophe kulelizwa a6antu 6esifazane 6a6alekela ku6ona. 6ase 6ehlangana nokholo.

ENDS 793

MMM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.